Isifundo 11

**Disemba 5–11*

UmKristu kanye Nomsebenzi

NgeSabatha Ntambama

Funda Kuleliviki:

Gen. 3:19, Dut. 16:15, Eksod. 25:10–30:38, Gal. 5:22–26, Mshum. 9:10, 1 Kor. 10:31.

Indimana Yekhanda:

"Ngakho-ke, bazalwane bami abathandekayo, yibani ngabagxilile, abangaxegiyo, abavame njalo emsebenzini weNkosi, nazi ukuthi ukusebenza kwenu akusilo ize eNkosini" (1 Korinte 15:58, NKJV).

Umsebenzi ngumqondo kaNkulunkulu. Emhlabeni ongaphambi kwesono, uNkulunkulu wanikeza uAdamu noEva umsebenzi wokunakekela insimu (Gen. 2:15). njengoMdali wabo, okungomfanekisa wakhe bedaliwe, babeqashelwe umsebenzi ovumela ukucabanga kanye nothando. Okungukuthi, nasemhlabeni ongenaso isono, isintu kwakumele sisebenze. "Kulesisikhathi esiphakathi" (ngemuva komhlaba ongenasono kanye naphambi kwalowo wesithembiso), simenyelwa ukubuka umsebenzi njengesinye sezibusiso zikaNkulunkulu. Phakathi kwamaJuda, yonke ingane yayifundiswa umsebenzi. Empeleni, kuthiwa ubaba ongazange afundise ingane yakhe umsebenzi wayekhulisa iselelesi. Kusenjalo, uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, Wachitha iminyaka eminingi enza intando kaBaba Wakhe ngokusebenza ngokwethembeka njengengcweti yomsebenzi, mhlawumbe ehlinzeka abantu baseNazaretha ngefenisha edingekile kanye nezikhali zokulima (Marko 6:3). Lokhu, futhi, kwakuyingxenye yokuqeqeshwa kumlungiselela umsebenzi ayezowenza. UmPostoli uPawule wayenza umsebenzi wenkosi nangalesisikhathi esebenzisana no-Aquila no-Priscilla unyaka nesigamu njengomakhi wamatende nanjengoba ngeSabatha wayekhuluma kwisinagoge (Zenzo 18:1-4, 2 Thes. 3:8-12). Kuleliviki sizobuka udaba lomsebenzi kanye nendima yawo emfundweni yobuKristu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, December 12.*

Izinhlangothi Eziningi Zomsebenzi

"Ngiyazi ukuthi akukho okuhle kubo kunokuba bathokoze, bazenzele okumnandi besekhona. Kepha futhi ukuba abantu bonke badle, baphuze, babone okuhle kuwo wonke umshikashika wabo kuyisipho sikaNkulunkulu nalokho" (Mshum. 3:12, 13, NIV).

"Umsebenzi"—lelo yigama eliqinile lama-Anglo-Saxon elingenamixhantela. Uhlamvu olulodwa ngesiNgisi, kepha elinezincazelo Eziningi. Ngokokufanaleka, siyasebenza ukuze sibeke ukudla ematafuleni ethu, sikhokhe izikweletu, futhi songe okuncane kwezikhathi ezilukhuni. Ukulahlekelwa umsebenzi kuvama ukuba kubi kunobekezelela isimo esingesihle emsebenzini. Umsebenzi unganikeza umuntu umuzwa wokubaluleka. Umsebenzi yindlela ejwayelekile yokuphendula Umbuzo "Wenzani na?" noma "Uyini na?" Abaningi asebethathe umhlala-phansi baqhubeka nokusebenza ngezikhathi ezithile uma nje besakwazi, noma ngabe bayakhokhelwa noma bayazinikela. Umsebenzi unikeza isizathu sokuvuka ekuseni. Nikeza omusha umsebenzi, futhi kuncipha isibalo sabangaba ngabahluphayo.

Funda uGenesisi 3:19. Ithini ingqikithi lapha, futhi ithini mayelana nolunye uhlangothi lomsebenzi, okungenani kwabanye na?

Ngokuphazima umsebenzi onikezwa ngaphambi kokungena kwesono uyaguquka ngemuva kokuwa. Nansi enye inkomba yolunye uhlangothi lomsebenzi. Kwabanye, ukusebenza kusho ukukhandleka nsuku zonke, okuzophela ekufeni. Baqhubeka nokusebenza emisebenzini abayeyayo, benethemba lokuthatha umhlala-phansi besaphila. Kwabanye, umsebenzi ukwazi ukwengamela impilo yabo, ube ngumongo wokuphila kwabo, ube yindlela ephelele yokuthi ungubani. Sebengasekho emsebenzini, lababantu babanengcindezi noma badideke, bengaqinisekile ngokumele bakwenze. Ekuthatheni kwabo umhlala-phansi, bangagula enyameni nasemqondweni, futhi bavama ukufa kungakabi yisikhathi. AmaKristu ayadinga Ukufunda Ukusebenza ngendlela kaNkulunkulu. Ukusebenza kungaphezulu kwesidingo sezomnotho. Umuntu ungaphezulu kokuba ngoqashiwe. Kuqondwa ngokufanele, Ukusebenza kungumgudu wokukhonza, ukubonakala kobudlelwane bothile neNkosi. Ingxenye yomsebenzi kathisha ngowokusiza abafundi bathole umsebenzi lapho amakhono abo kanye nabakunikezwe nguNkulunkulu kuhlangana nezidingo zezwe.

Yini oyenzayo na? Okungukuthi, wenzani ngempilo yakho, futhi ungamdumisa kanjani kangcono uNkulunkulu ngokwenza lokho na?

Umsebenzi kanye Nokondla

Umsebenzi umayelana "nokwenza" kwempilo. Nalabo abanemisebenzi esebenzisa ingqondo kakhulu, bagcina kunokesebenza okuthile komzimba, noma ngabe kusho ukucindezela izinkinobho ze-computer.

Izindinama ezilandelayo zisifundisani ngokusebenza usebenzisa "izandla" njengophawu na?

Dut. 16:15

Mshum. 9:10

Zaga. 21:25

Jer. 1:16

UNkulunkulu usinikezile "umsebenzi wezandla zethu" ukuze sithole ukugcwaliseka kanye nentokozo (buka Zaga 10:4, 12:14). Kwezengqondo, "ukuzikhiqizela" Kuchaza inkolelo yokuthi wonke umuntu uyakwazi ukufeza okuthile okubalulekile empilweni. Ukukhiqizela akwandi ngokuphinda-phinda ukuthi, "Ngicabanga ukuthi ngingakwazi! Ngicabanga ukuthi ngingakwazi!" Kungokwenza kuphela lapho ukuzikhiqizela kwanda khona.

Njengoba "umsebenzi wezandla zethu" kuyisibusiso sikaNkulunkulu kithi (buka iHubo 90:17) futhi usivumela ukuphila impilo enenhloso, icebo elikhulu likaNkulunkulu ngelokuthi "umsebenzi wezandla zethu" ungabusisa abanye. UPawule uloba ukuthi kumele sesibenze, senze okuthile okunosizo ngezandla zethu, ukuze sibenotho esingabelana ngalo nabanye. UPawule wayephila ngalesosimiso: "nina niyazi ukuthi lezi zandla zasebenzela izinswelo zami nezababe nami. Kukho konke ngangikhombisa ukuthi kumelwe ukuba nisize ababuthakathaka ngokusebenza okunje, nikhumbule futhi amazwi eNkosi uJesu ukuba yena wathi: 'Kubusisekile ukupha kunokwamukela' " (Zenzo 20:34, 35, NIV). Umkhuleko olula kaNehemiya kumele ube ngowethu: "Kepha manje, Nkosi, qinisa izandla zami" (Neh. 6:9, NKJV).

Uwubuka ngamaphi amehlo umsebenzi wakho na? Yiziphi izindlela ongase ukwazi ukusebenzisa umsebenzi wako ukuze ubeyisibusiso kwabanye na?

Umsebenzi NoBuqabavu

Ithi halamuzi uEksodusi 25:10–30:38. Wayeqondise kangakanani uNkulunkulu ngenkathi ecela uMose ukuba akhe itabernekeli lokukhonza na? Lokhu kusitshelani ngesimilo sikaNkulunkulu?

Ngenkathi uNkulunkulu etshela uMose ukuba akhele Yena itende, uMose wayenokuthi, "Ayikho inkinga, Nkosi! Bengibeka amatende selokhu ngabaleka eGibhithe eminyakeni engu-40 edlule. . . . Nginikeze umzuzu!" Noma iyiphi Indoda eyayiphila ngesikhathi samaMidiyani ayengahlali ndawonye, ukugxumeka itende kwakuyinto elula. Wayengakwenza lokho ecimezile, ekwenza engacabanga nangako , ecabanga Ezinye izinto ezibalulekile. Okungase kube ngukuthi uMose wayengakulindele yimiyalezo enemininingwane (ngalokho okuyisakhiwo esilula) kanye nohla olude lwendlela yokwenza mayelana nakho konke okwangaphakathi, kanye nezingubo zabapristi—cishe umyalezo onamaphuzu angu-150. Ukwakha itafula elilula, uMose kwafuneka elandele uhlelo lwezinyathelo eziyisikhombisa (Eksod. 25:23-30).

Ukuqikelela imininingwane eyayiboniswe nguNkulunkulu ekwakheni itende Lakhe (nakwimiyalezo yakamuva emayelana nemihlatshelo) kubonisa umoya wobuqabavu, isifiso sokwenza okuhle kunako konke. Izinto zokwenza zazisezingeni eliphezulu, indlela yokwenza ingenaso isici, umsebenzi kwakumele ubesezingeni eliphezulu—umbiko wawusobala: "KuNkulunkulu, umsebenzi onganakekeli awamukelekile!"

Kepha, nakuba izinga lalibonakala liphakeme, kwakunguNkulunkulu ngoKwakhe owahlinzeka hhayi kuphela umfutho kodwa nezinsiza ezingabantu bokufinyela kulo. Sifunda kuEksodusi 31:1-6, 35:30-36:1 ukuthi uNkulunkulu wanikeza abantu amakhono adingekile. Lamadoda "ayegcwele uMoya," ubanikeza amakhono kanye nolwazi kuyo yonke imikhakha yobungcweti, ukuze ukwakhiwa kwetabernekeli kanye nefenisha yalo kuqhubeke njengalokhu "iNkosi iyalezile" (Eksod. 36:1, NRSV). Ngale kwalokho, zombili izingcweti zokudweba zanikezwa "ngekhono lokufundisa" (Eksod. 35:34, NKJV) ukuze ulwazi kanye namakhono aqhubeke nokubakhona phakathi komphakathi wakwaIsrayeli. Nakuba laba ababili bebalulwa kulendaba njengabakhethiwe nguNkulunkulu, nabanye abantu bamukela izipho ezifanayo futhi babayingxenye yomsebenzi (Eksod. 36:2)

Ngalokho, ukuba yisintu esiwile futhi esinesono akusona isizathu esiqinile sokungazinikeli kunoma yimuphi umsebenzi. Ngasosonke isikhathi uNkulunkulu ulindele ukuba sisebenze ngokuhle kunako konke, sibeke amathalente ethu, namakhono, isikhathi, kanye nemfundo ekusebenzeni okuhle.

Umsebenzi NokwezikaMoya

“Uma siphila ngoMoya, masihambe futhi ngoMoya” (Gal. 5:25, NKJV). Umsebenzi wothile kanye nezikamoya akwehlukene. UbuKristu abuyona ingubo egqokwayo noma ikhunyulwe ngokuguquka kwesimo somuntu noma ngokwezigaba ezahlukene adlula kuzo empilweni. Kunalokho, ubuKristu budala isidalwa esisha esizibonakalisa kuyo yonke imikhakha yempilo, kuhlangene nomsebenzi.

Funda abaseGalathiya 5:22-25. Yiziphi izipho uPawule azichaza lapha futhi ezichaza wena nomsebenzi wakho na?

_____

_____

_____

_____

I-Expository Dictionary of New Testament Words ichaza umuntu “wezikamoya” njengalowo “obonakalisa izithelo zikaMoya ngendlela yakhe.” Kulokhu, singaphetha ngokuthi ngokuxhumana kwethu noKristu, thina sintu singasebenza njengamakholwa kuyo yonke imikhakha yezimpilo zethu.

Othile wayelele efa e-Florida Hospital ngenkathi umngani wakhe omkhulu Ehlezi eduzane kombhede wakhe. Abahlengikazi babengena bephuma egumbini, benakekela izindingo zesiguli. Efuna ukuqhubeka nenkulumo, umngani wabuza abahlengikazi ukuthi babeqeqeshwe kuphi. Iningi lathi laliqeqeshwe kwiFlorida Hospital College. Lokhu kwamthinta kakhulu umngani. Wayesevakasha izikhathi eziningana ekolishi lesibhedlela ukuyobona ukuthi kwakunjani. Kwakungani na? Ngoba wayetshele abantu ukuthi abahlengikazi bakulesisikole babebonakala kuye sengathi banakekela kakhulu umngani wakhe owayefa kunalaba bahlengikazi ababe qeqeshwe kwezinye izindawo. Okungukuthi, wakwazi ukubona umehluko phakathi kwabo kanye nabanye ngendlela ababeyiyo ngakumngani wakhe owayefa.

Yingakho, abuza Imibuzo eminingi mayelana nekolishi kanye ne-mission yalo, futhi ekugcineni washiya isipho sika-$100,000 sokufundisa abanye abahlengikazi njengalabo ayebabone besebenza. Yebo, ezikamoya yindlela yokuphila.

Ukubonakalisa kanjani okwezikamoya kwakho emisebenzini yansuku zonke yempilo yakho na? Sithombe sini ocabanga ukuthi uyasenza (ngoba, ekugcineni, kukhona isithombe ngawe osakhayo) na?

Umsebenzi NoBunceku

"Konke isandla sakho esikufumanayo ukukwenza, kwenze ngamandla akho" (Mshum. 9:10, NKJV). Owayehlakaniphe kunawo onke amadoda usebenzisa lamazwi okweluleka mayelana nobunceku kuyo yonke imikhakha yempilo. Uma becelwa ukuba bakhulume ngobunceku bobuKristu, abaningi bagxilisa imicabango yabo kwezezimali zamaKrsitu. Nakuba imali ngeqiniso iyingxenye ebalulekile yobunceku, ukugcina emalini kuphela kunengqondo emfushane. Kwimfundo yezinhlelo ubunceku bubhekise kumthwalo womphathi wokuthuthukisa kanye nokusebenzisa ngokufanele zonke Izinsiza ezikhona. Ebandleni, Yiziphi Izinsiza uNkulunkulu asibusise ngazo na? UPetro ngokusobala uthi wonke umuntu unezipho azinikezwe nguMdali; futhi ubhekise kulamaKristu aphiwe njengo"bupristi obungcwele" (1 Pet. 2:5) obunomthwalo ngakuNkulunkulu ngobunceku bazo zonke izipho Zakhe: imali, isikhathi, amandla, amathalente, kanye nezinye.

Funda uMshumayeli 9:10 kanye no-1 Korisnte 10:31. Yimuphi ombiko obhekiswe kithi kulezizindimana mayelana nendlela okumele sisebenze ngayo nekumele sifundise ngayo abantu Ukusebenza na?

_____

_____

_____

Ezinye zezihibe zempilo namuhla ngumkhuba wokwehlukanisa imikhakha yokuphila. Kukhona impilo yomsebenzi, eyomndeni, yezikamoya, kanye neyokuthokoza. Umkhuba wokwehlukanisa lezizigaba zempilo ukuze zingathelelani uyafuneka ngezinye izikhathi. Ngokwesibonelo, akulungile ukuletha umsebenzi wakho ekhaya ukuze uphazamise imithwalo yakho yasemndenini. Futhi kungamele ukugijimisa ezokuzijabulisa kulimaze isikhathi sethu noNkulunkulu.

Nakuba kunjalo, lemikhawulo akumele isebenze endimeni impilo yethu yezikamoya okumele iyidlale kubo bonke ubukhona bethu. Umsebenzi wobuKristu uqubuka ebudlelwaneni nasekusebenzeni kwethu noNkulunkulu. Umsebenzi ngenye yezindlela esingazilolonga ngobukhona bukaNkulunkulu. Ukwehlukanisa ngezigaba impilo yethu yezenkolo, ukufaka umkhawulo wosuku olulodwa, nehora, noma esigabeni esisodwa sempilo, kuNkulunkulu, ngukulahla ubukhona Bakhe kulezi Ezinye izigaba.

Imibuzo emibili: Owokuqala, zibuze wena, ukuba ngempela uyayehlukanisa impilo yakho yezikamoya ngezigaba. Okwesibili, uma ukwenza lokho, Ungafunda kanjani ukuvumela ezikamoya zibuse kukho konke okwenzayo na?

Cabanga Kabanzi:

Genesis 3, Mshumayeli 2:18–23, Efesu 6:5–8; Read Ellen G. White, "The Temptation and Fall," pp. 52–62, in *Patriarchs and Prophets*. Umsebenzi—isiqalekiso noma isibusiso na? Kwabukeka sengathu kweza njengengxenye yesono (Gen. 3:17). Ukufundisisa kwembula ukuthi ngumhlaba owaqalekiswa, hhayi umsebenzi. U-Ellen G. White uthi uNkulunkulu wayehlose ukuthi lokhu kwenza kusebenze njengesibusiso: "Impilo yokukhandleka kanye nokunaka okwakuzothi kusukela manje ibe yingxenye yomuntu yasekwa ngothando. Kwakuyisehlwayo esasidingekile ngenxa yesono sakhe, ukuvimbela ukuzitika kwenkanuko kanye nemizwa, ukuthuthukisa imikhuba yokuzithiba. Kwakuyingxenye yecebo elikhulu likaNkulunkulu lokululama komuntu ekulimaleni nasekonakeleni kwesono."—Patriarchs and Prophets, p. 60. Kungenzeka yini ukuba siwenze waba yisiqalekiso ngokudina kwawo, ngokweqisa, noma ngokwenza indima yawo ibe ngaphezu kokuba iyiyo ezimpilweni zethu na? Nakuba sinjani isimo, kumele sifunde ukubeka umsebenzi endaweni yawo efanele. Futhi imfundo yobuKristu kumele isize ekuqeqesheni abantu ukuba bafunde inani lomsebenzi, Kusenjalo bangawenzi isithixo.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda uMshumayeli 2:18-24. USolomoni angawubuka kanjani umsebenzi njengesibusiso kanye nesiqalekiso esigabeni esisodwa seBhayibheli na? Yiziphi izinkomba kulesisahluko mayelana nalokho okwenza umehluko ngendlela esibhekana ngayo nomsebenzi na?

2. Kungomsebenzi lapho sinakekela (sondla) imindeni yethu. Singawudlulisela kanjani umoya ofanele mayelana nomsebenzi emimndenini yethu na?

3. Umugca phakathi kokwenza umsebenzi obuqabavu kanye nokuba ngosebenza kuze kweqe ngezinye izikhathi muncane. Sizigcina kanjani ukuba singaweqi na? Buka uMshum. 2:23.

4. UPawule ukusho ngokusobala: "Ngokuba nalapho sisekini, saniyala ngalokhu ukuthi: "Uma umuntu engathandi ukusebenza, makangadli" (2 Thes. 3:10, NKJV). Nembala lesisimiso senza umqondo omkhulu. Kungaba Yisiphi isibonelo lapho singasebenzi khona na? Okungukuthi, kungani kumele siqinisekise ukungasenzi umthetho oqinileyo okungamele weqiwe na?